What would you do? What would you say?
I'd say: "Good morning, Elephant, how do you do?
I'm pleased to meet you, Elephant, and may I dance with you?"
*(Learners dance in pairs.)*

If you should meet a lion walking down the street,
What would you do? What would you say?
I'd say: "Good morning, Lion, how do you do?
I'm pleased to meet you, Lion, and may I dance with you?"
*(Learners dance in pairs.)*


If you should meet a friendly frog walking down the street,
What would you do? What would you say?
I'd say: "Good morning, friendly Frog, how do you do?
I'm pleased to meet you, friendly Frog, and may I dance with you?"
*(Learners dance in pairs.)*



*(Sing to the tune of "If you should meet an elephant" or use your own tune.)*

## Vocabulary from the story

| **Key-words:** | **bushbuck** | **elephant** | **lion** | **frog** | **brave** | **surprise** |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Extra words: | open | close | trick | scared | frightened | funny |
| | giggle | slow | friend | loud | soft (voice) | angry |





Activity Guide Term 4_ZULU.indd 85
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**Nginyakazisa iminwe yami**

Nginyakazisa iminwe yami
Nginyakazisa izinzwane zami
Nginyakazisa amahlombe ami
Manje-ke (shaya izandla)
Yonke iminyakazo ingiphumule kahle
Futhi sengithule du!

**Nakhu ozokudinga:**

- Indaba: *Imbabala nesivakashi*
- Amaphaphethi: Mbabala, Ndlovu, Bhubesi, Sele, indlu yeMbabala
- Okudingeka eshashalazini: isilwane ngasinye sizothola isamfonyo noma ibhande lasekhanda, ibhokisi elikhulu, noma itafula elizoba indlu yeMpunzi
- Izinto noma amakhadi anezithombe noma amagama athathwe ohlwini lwamagama amasha



# Isonto 1 Usuku 1

## Umsebenzi wekilasi lonke

Yisho la mazwi *Nginyakazisa iminwe yami* ukuqwashisa abafundi ukuthi sekuyisikhathi sokuxoxa izindaba.

### Ukuxoxa indaba nokwakha uhlu lwamagama amasha

**1 Ngaphambi kokuxoxa indaba**

1.1 Tshela abafundi isihloko sendaba bese wethula abalingiswa usebenzisa amaphaphethi.

1.2 Fanisa indaba nempilo yabafundi: Buza ukuthi ngabe ukhona yini owake wabona izilwane zasendle esiqiwini noma kumabonakude. Khuluma ngomehluko Phakathi kwezilwane ezifuywayo emakhaya, emapulazini kanye nezilwane zasendle.

1.3 Yithi: *"Ngaphambi kokuthi siqale, ngifuna ukunethulela incazelo yamagama amasha esizowathola kule ndaba."* Xoxa ngamagama abalulekile asemagameni amasha. Bonisa abafundi izithombe ezidlaliswayo noma izithombe zezilwane ezisezi ncwadini noma emabhukwini ezithombe. Khuluma ngezindlela ezahlukahlukene izilwane ezinyakaza ngayo. Cela abafundi ukuthi bahambe njengo mbabala (ngokushesha, ngokugxuma-gxuma); njenge ndlovu (ivayizelisa umboko wayo); njenge bhubesi futhi liphakamise ikhanda lalo njenge nkosi. (Musa ukukhuluma ngeselesele ngasekuqaleni ngoba abafundi bazokwazi ukuthi kwenzakalani endabeni!)

**2 Ngenkathi uxoxa indaba**

2.1 Yixoxe ngomdlandla, uguqule izwi njalo.

2.2 Nyakaza uphinde usebenzise amaphaphethi nezinto zeshashalazi.

2.3 Cela abafundi ukuthi baqagele ukuthi kungahle kwenzekeni endabeni ngokulandelayo ubenze babe yingxenye yendaba ngokubabuza imibuzo enezimpendulo eziningi, efana nokuthi: *"Ucabanga ukuthi uNdlovu noMbabala bazobiza bani ukuzoba siza? Ubani ocabanga ukuthi usendlini?"*

**3 Emva kokuxoxa indaba**

3.1 Buza abafundi uthi: *"Yini eniyithandile endabeni? Yini eningayithandanga? Iyiphi ingxenye ebe mnandi kakhulu? Mibuzo mini eninayo ngendaba? Ungazizwa kanjani uma omunye wabangani bakho bekwakhele iqhinga njengoba uselesele enzile? Ubungacasuka noma ubungabona zisuka nje ukuthi kukhona okwakhele iqhinga?"*

### Ukwethula umsindo othathwe endabeni

1. Cela abafundi bahlale phansi kumata balalele okushoyo ngokuqikelela. Yisho la mazwi owathathe endabeni: *"isivakashi, yayivame, ungavaliwe, usuvaliwe, uvule, wavuka, kwavuleka. Uyayizwa imisindo okugxilwe kuyo: isi**v**akashi, u**v**ule, wa**v**uka? Yebo, uqinisile! Wonke anomsindo /**v**/."*
2. *"Lalelisisa, nanka amagama aqala ngomsindo /**v**/: vakasha, vala, uvemvane, iveni, ivasi, iliva, ivazi, isivalo."* (Gcizelela imisindo engasekuqaleni ngenkathi usho la magama.)
3. Yisho lo msindo /**v**/ ngokucacile bese utshela abafundi ukuthi babukisise umlomo wakho.
4. Cela abafundi ukuthi basho lo msindo /**v**/: "**v-v-v**" Yenza lokhu kube wumdlalo omnandi: yisholo phansi, phakamisa izwi, wusho ubheke odongeni, wusho uwubhekise kusilingi kanye nakubafundi abanye.

## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Chazela abafundi ukuthi sebezosebenza ngamaqenjana nsuku zonke. Chaza uphinde ukhombise ukuthi lo msebenzi wokwenziwa wenziwa kanjani, uchaze ukudedelana kwabo ngosuku nosuku. Chaza ukuthi bazoqoqa kanjani ekugcineni.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 86
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**You will need:**

- Story: *Bushbuck's visitor*
- Puppets: Bushbuck, Elephant, Lion, Frog, Bushbuck's house
- Props: masks or headbands for each animal, a large box or a table for Bushbuck's house
- Objects or picture cards for some of the words from the vocabulary list



# Week 1 Day 1

## Whole class activities

Say the rhyme *I wiggle my fingers* to bring learners to the mat for story time.

**I wiggle my fingers**

I wiggle my fingers
I wiggle my toes
I wiggle my shoulders
I wiggle my nose
And now I clap on now!
All the wiggles are out of me
And I am as quiet as I can be!

### Storytelling and building vocabulary

**1 Before you tell the story**

1.1 Tell learners the title of the story and introduce the characters using the puppets.

1.2 Relate the story to learners' lives: Ask if anybody has seen wild animals in a game reserve or on TV. Talk about the difference between domestic (pet), farm and wild animals.

1.3 Say: *"Before we begin, I want to tell you the meaning of some new words which we will find in the story."* Discuss the keywords from the vocabulary list. Show learners the puppets or pictures of the animals from magazines or books. Talk about the different ways animals move. Ask the learners to walk like a bushbuck (quick, jumpy); like an elephant (waving his trunk); and like a lion with his head up like a king. (Don't introduce the frog at the beginning otherwise the learners will know what happens in the story!)

**2 While you tell the story**

2.1 Tell the story in a lively way and use different voices.

2.2 Do actions and make use of the puppets and props.

2.3 Ask learners to predict what happens next in the story and involve them through open-ended questions, such as: *"Who do you think Elephant and Bushbuck are going to call to help them? Who do you think is inside the house?"*

**3 After you tell the story**

3.1 Ask learners: *"What did you like about the story? What didn't you like? What was your best part? What questions do you have about the story? How would you feel if one of your friends played a trick on you like Frog did? Would you be angry or do you think you would laugh once you knew it was a trick?"*

### Introducing a sound from the story

1. Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: *"isivakashi, yayivame, ungavaliwe, usuvaliwe, uvule, wavuka, kwavuleka. Can you hear the focus sound: isi**v**akashi, u**v**ule, wa**v**uka? Yes, you are right! They all have the sound /**v**/."*
2. *"Listen carefully, here are some more words with /**v**/: vakasha, vala, uvemvane, iveni, ivasi, iliva, ivazi, isivalo."* (Emphasise the focus sound as you say these words.)
3. Say the sound /**v**/ clearly and tell learners to watch your mouth carefully.
4. Ask learners to say the sound /**v**/: "**v-v-v**". Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.

## Small group activities

Explain that learners will be working in small groups each day. Explain and show how each activity is done and explain the daily rotation. Explain the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 87
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**Nakhu ozokudinga:**

- Amaphaphethi asendabeni
- Umculo kanye nezithombe/nezidingeka eshashalazini okomculo



# Isonto 1 Usuku 2

## Umsebenzi wekilasi lonke

### Ukuxoxa indaba kanye nokucula

1. Qala ngokukhumbuza abafundi  incazelo yamagama owethule ngoSuku-1.
2. Phinda uxoxe indaba ngamaphaphethi. Buza imibuzo ngenkathi uxoxa indaba. Khuthaza abafundi ukuthi baqagele ukuthi yini ezokwenzeka ngokulandelayo endabeni.
3. Tshela abafundi ukuthi uzobafundisa iculo elisha elizohambisana nendaba.
4. Yisho imigqa embalwa yeculo ngokucacile, usho ngokungasheshi, bese ucela abafundi ukuthi bangene bacule kanye nawe. Kungaba lukhuni khona kubafundi ukukhumbula amagama, ngakho bafundise ngezingxenyana ezincane zeculo.
5. Yiba nezithombe kanye nezinto zeshashalazi ukusiza abafundi ukuthi baluqonde ulimi lweculo.
6. Fundisa abafundi iminyakazo yeculo, kube umdlalo omnandi ukulicula ngezilimi ezahlukene.

### Ukwakha uhlamvu

1. Khumbuza abafundi ngomsindo okugxilwe kuwo. Buza kubo ukuthi ukhona yini onegama eliqala ngohlamvu /**v**/ noma akhona yini amanye amagama abangawacabanga aqala ngohlamvu /**v**/.
2. Fundisa abafundi iminyakazo ehambisana nomsindo lowo. Isibonelo: Abafundi bengamisa izandla zabo okwesimo esiwu '**v**' bese bezinyakazisa bezisa phansi naphezulu njengezimpiko zem**vemvane**.
3. Bonisa abafundi ukuthi uhlamvu **v** lubhalwa kanjani. Bhala uhlamvu olukhulu ebhodini noma emoyeni ngenkathi usho la mazwi: *"Qala echashazini, yehla ukhuphuke."*
4. Dedela abafundi bazejwayeze ukwakha uhlamvu emoyeni, kukhaphethi, emhlane womunye nomunye noma ezandleni. Bangazama futhi ukusebenzisa imizimba yabo ukwakha uhlamvu.
5. Uma sewuqedile ukubakhombisa ukuthi uhlamvu lubhalwa kanjani, khuthaza abafundi ukubhala uhlamvu emhlabathini ngokhuni.
6. Khuthaza abafundi ukuthi basho umsindo bawenze futhi ngenkathi bebhala uhlamvu.



## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 88
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**You will need:**

- Puppets for the story
- Music and props or pictures for the song



# Week 1 Day 2

## Whole class activities

### Storytelling and singing

1. Begin by reminding learners of the meaning of words that you introduced on Day 1.
2. Retell the story using the puppets. Ask questions as you tell the story. Encourage learners to predict what will happen next.
3. Tell learners you are going to teach them a new song to go with the story.
4. Say a few lines of the song clearly and slowly, and then ask learners to join in and sing together with you. It may be difficult for learners to remember all the words, so teach the song in parts.
5. Have pictures or props or do actions to help learners understand the language of the song.
6. Teach learners the actions for the song and have fun singing in more than one language.

### Forming the letter

1. Remind learners of the focus sound. Ask learners if anyone's name starts with /**v**/ or if they can think of any other words that start with the sound /**v**/.
2. Teach learners an action associated with the sound. For example: Learners can put their hands into a '**v**' shape and move them up and down like a butterfly's wings (**vemvane**).
3. Show learners how to write the letter **v**. Praise their attempts, then write a large letter on the board or in the air while saying the following: *"Start at the dot, go down and up."*
4. Let learners practise the letter formation in the air, on the mat, on each other's backs or on their hands. They can also try using their own bodies to make the letter.
5. Once you have modelled how to write the letter, go outside and encourage learners to use a stick to write the letter in the sand and walk on it.
6. Encourage learners to say the sound the letter makes as they write the letter.



## Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 89
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**Nakhu ozokudinga:**

- Okudingeka eshashalazini namaphaphethi asendabeni
- Ibhokisi lezinhlamvu eliqukethe izinto noma izithombe zezinto ngomsindo **v**: uvemvane, iveni, ivasi, ivazi, uviniga, ivesti



# Isonto 1 Usuku 3

## Umsebenzi wekilasi lonke

### Ukuxoxa indaba kanye nokuyidlala

1. Cula iculo.
2. Buza abafundi ukuthi bayayikhumbula yini incazelo yamagama asohlwini lwamagama amasha. Isibonelo: Bacele ukuthi basho okuthile ngezwi eliphansi njengo mbabala, bese-ke besho ngezwi elindodayo njenge selesele ngekhathi lidlala ngezinye izilwane, bese besho ngezwi elikhulu elinentukuthelo njengele bhubesi.
3. Khetha abafundi abazoba ngabadlali endabeni.
4. Khuluma kubafundi ngendaba. Tshela abafundi ukuthi bazoba ngobani uma kudlalwa indaba, bese ubakhombisa izinto abazozisebenzisa ukuxoxa indaba.
5. Chazela abafundi ukuthi wena (thisha) uzoba ngumxoxi wendaba, kanti futhi uzokwaziwa njengomlandi. Abafundi abazolingisa bazoyenza yonke into ozoyisho. Basize ukuhlela ukuthi bazokuma kanjani.
6. Qala uxoxe indaba, bese ukhuthaza abafundi ukuthi benze iminyakazo ehambisana namagama, ngenkathi ikilasi lonke libukela kudlalwa.
7. Uma isikhathi sikhona, bangawuphinda umdlalo sewudlalwa ngabanye abafundi.

### Amabhokisi ezinhlamvu

1. Cela abafundi ukuthi bahlale kumata bese ubakhombisa ngamunye izinto noma izithombe ezisebhokisini lezinhlamvu. Babuze amagama ezinto. Uma kunabafundi abakhuluma ezinye izilimi, bacele batshele abanye abafundi ukuthi bazibiza ngani lezi zinto ngezilimi abazikhuluma emakhaya. Bese unikeza igama lento ngayinye ngolimi okufundiswa ngalo. Banike izinto noma izithombe baziphathe bazidlulisele komunye nomunye umfundi.
2. Buza imibuzo ephathelene nezinto: *"Uke wayibona into efana nale? Senzani ngalokhu? Kumbala muni? Kuzwakala kanjani uma ukuthinta?"*
3. Yisho amagama ezinto, ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo. Buza abafundi ukuthi bayawuzwa yini umsindo okugxilwe kuwo.
4. Cela abafundi ukuthi basho igama lento ngayinye bese ugcizelela umsindo okugxilwe kuwo.
5. Uma abafundi sebezejwayezile imisindo emisha, bakhombise uhlamvu olusebhokisini lezinhlamvu, bese uthi: *"Lolu hlamvu luveza ukuthi silubhala kanjani uhlamvu* ***v****."* Cela abambalwa kubafundi ukuthi babhale phezu kwemigqa yohlamvu ngeminwe yabo.



## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 90
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55





| You will need: |
|---|
| • Puppets and props for the story<br>• A letter box containing objects or pictures of objects that have the focus sound **v**: uvemvane, iveni, ivasi, ivazi, uviniga, ivesti |



# Week 1 Day 3

## Whole class activities

### Storytelling and role play

1. Sing the song.
2. Ask learners if they can remember the meaning of words from the vocabulary list. For example: Ask them to say something to their friend in a **soft** voice like bushbuck, then in a **deep** voice like the frog when he was tricking the animals, then in a **loud**, **angry** voice like a lion.
3. Choose learners to play the characters in the story.
4. Talk about each character in the story. Tell learners who they are going to be in the role play and show them the props that will be used to tell the story.
5. Explain to learners that you (the teacher) are going to be the storyteller, also known as the narrator. The acting learners are going to act out everything you say. Help them to organise where they are going to stand.
6. Start telling the story and encourage learners to do the actions to match your words while the rest of the class watches the role play.
7. If there is time, you may want to repeat the role play with different learners.

### Letter boxes

1. Ask learners to sit on the mat and show them the objects and pictures in the letter box one at a time. Ask them for the names of the objects. If there are learners who speak different languages, ask them to tell the class what they call the object in their home language. Then give the word in the language of instruction. Let them hold the objects or pictures and pass them around.
2. Ask questions about the objects: *"Have you seen one of these? What do we use this for? What colour is it? How does it feel?"*
3. Say the names of the objects while emphasising the focus sound. Ask learners if they can hear the focus sound.
4. Ask learners to say the name of each object and emphasise the focus sound when they say the words.
5. Once learners have practised the new sound, show them the letter on the letter box and say: *"This letter is how we write* **v***."* Let some learners trace over the letter on the lid with their fingers.



## Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 91
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:59

# Isonto 1 Usuku 4

**Nakhu ozokudinga:**

- Izithombe ezinkulu ezilandelanayo

UStella uthi:

*Lena yimibuzo ewusizo engabuzwa ngesithombe ngasinye:*

- *"Ngabe ubona bani?" (abalingiswa)*
- *"Ngabe wenzani?" (izenzo neminyakazo)*
- *"Yini enye oyibonayo?" (ukubheka futhi)*
- *"Ikuphi i....?" (amagama ezindawo)*
- *"Kungani ucabanga ukuthi ....?" (Ukucabanga okunokuqamba, ukuveza imibono)*

## Umsebenzi wekilasi lonke

### Ukulandelanisa izithombe

1. Cula iculo futhi.
2. Yethula amagama owacaphune ohlwini lwamagama amasha.
3. Khetha esisodwa sezithombe usibambe usiphakamise. Buza abafundi ukuthi babonani, bese ukhuluma ngesithombe ngokujulile.
4. Uma sewuxoxile ngesithombe ngasinye, sinamathisele ebhodini ukuze abafundi basibone. Kuqinisekise lokho izithombe azilandelani okwamanje kulo msebenzi.
5. Emva kokukhuluma ngazo zonke izithombe, buza abafundi uthi: "Ngabe izithombe zilandelana ngokwamukelekile na?"
6. Cela abafundi ukuthi bakhombe isithombe esihambelana nesiqalo sendaba. Sebenzisananani ukulandelanisa izithombe ukuze indaba ilandeleke.
7. Gcina abafundi benamathele kukho konke okwenziwayo. Buza imibuzo efana nokuthi: *"Kwase kulandelani? Ngubani okhumbula into eyenzeka emva kwalokho?"*
8. Uma izithombe sezilandelana kahle, cela abafundi abambalwa ukuthi baphinde bayixoxe indaba ngokulandelana kwezehlakalo.



### Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo

1. Chazela abafundi ukuthi kumele bacule iculo futhi kumele beqhaphelisise imisindo esekugcineni kwamagama (ushuni: "uMary wayenewundlu elincane").
   - UThisha: *"Yimuphi umsindo oqeda lamagama, oqeda lama gama, oqeda lama gama? Yimuphi umsindo oqeda lamagama: biza, phuza, neroza."* (UThisha uqhweba abafundi ukuba baphendule.)
   - Abafundi basho umsindo osekugcineni kwegama, isibonelo: /**za**/. (UThisha wenza uphawu lokumisa isithupha.)
   - UThisha: *"/**za**/ umsindo oqeda lamagama, oqeda lamagama, oqeda lamagama! /**za**/ umsindo oqeda lamagama: biza, phuza, neroza."*
2. Sebenzisa lamagama kulomsebenzi:
   - /**la**/: lola, vala, vula, qala, wela, bila, ikhala, igula, jikijela, jula, ikamela, ifasitela, itafula, ikamela
   - /**si**/: igagasi, irayisi, unesi, ivasi, umalusi, utamatisi, ivosi, ibhubesi
   - /**lo**/: idolo, ifosholo, isivalo, iculo, ucilo, iqolo, isitulo, ijingijolo, umlilo, inombolo, ihholo, uvolo, ingalo, izolo
   - /**le**/: ulele, isele, iijele, upelepele, iwele, isitebele, ipensele, uhele, icele , isikwele
   - /**mu**/: idamu, ikamu, ijamu, ixamu, ifilimu, i-alamu, ikamu
   - /**li**/: iloli, ijeli, igoli, idoli, idili, imali, isipikili, iwuli, imbali, iwinkili
   - /**zi**/: umuzi, ivazi, yazi, ijezi, ijozi, ipulazi, iyambazi, imbuzi, ushizi, phuzi
   - /**ka**/: yeka, vuka, uzuka, baleka, inyoka



## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 92
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**You will need:**


- Big sequence pictures

Stella says:



*These are useful questions to ask about each picture:*

- *"Who can you see?"* (characters)
- *"What is he/she/it doing?"* (verbs and actions)
- *"What else can you see?"* (looking again)
- *"Where is the …?"* (naming places/position)
- *"Why do you think …?"* (creative thinking, expressing opinions)



# Week 1 Day 4

## Whole class activities

### Sequencing pictures

1. Sing the song again.
2. Introduce new words from the vocabulary list.
3. Choose one of the sequence pictures and hold it up. Ask learners what they see, then talk about the picture in detail.
4. Once you have discussed each picture, stick it on the board so learners can see it. Make sure the pictures are not in sequence at this stage of the activity.
5. After talking about all the pictures, ask learners: *"Are the pictures in the correct order?"*
6. Ask learners to point out the picture for the beginning of the story. Work together to arrange the sequence of the pictures so the story makes sense.
7. Keep learners actively involved in this process. Ask questions like: *"What happened next? Who can remember the next part of the story?"*
8. When the pictures are in the correct order, invite a few learners to retell the story in the correct sequence.



### Listening for focus sounds

1. Explain to learners that you are going to sing a song and they must listen carefully to the end syllable in the words *(tune: "Mary had a little lamb").*
   - Teacher: *"What's the syllable that ends these words, ends these words, ends these words? What's the syllable that ends these words: biza, phuza, neroza."* (Teacher signals for learners to respond.)
   - Learners say the syllable that ends the word, for example: /**za**/. (Teacher gives thumbs-up sign.)
   - Teacher: *"/**za**/ is the syllable that ends these words, ends these words, ends these words! /**za**/ is the syllable that ends these words: biza, phuza, neroza."*
2. Use these words for this activity:
   - /**la**/: lola, vala, vula, qala, wela, bila, ikhala, igula, jikijela, jula, ikamela, ifasitela, itafula, ikamela
   - /**si**/: igagasi, irayisi, unesi, ivasi, umalusi, utamatisi, ivosi, ibhubesi
   - /**lo**/: idolo, ifosholo, isivalo, iculo, ucilo, iqolo, isitulo, ijingijolo, umlilo, inombolo, ihholo, uvolo, ingalo, izolo
   - /**le**/: ulele, isele, iijele, upelepele, iwele, isitebele, ipensele, uhele, icele , isikwele
   - /**mu**/: idamu, ikamu, ijamu, ixamu, ifilimu, i-alamu, ikamu
   - /**li**/: iloli, ijeli, igoli, idoli, idili, imali, isipikili, iwuli, imbali, ivinkili
   - /**zi**/: umuzi, ivazi, yazi, ijezi, ijozi, ipulazi, iyambazi, imbuzi, ushizi, phuzi
   - /**ka**/: yeka, vuka, uzuka, baleka, inyoka

## Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 93
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55



Nakhu ozokudinga:

- Amaphaphethi asendabeni
- Iphepha leshadi eliphenywayo, ipeni lokumaka
- Isikhwama esincane esinezithombe noma izinto zezilwane zesandle ezinamagama amalunga-maningi asuselwa endabeni

# Isonto 1 Usuku 5

## Umsebenzi wekilasi lonke

### Yakha, udwebe bese uyabhala

1 Tshela abafundi ukuthi: *"Namuhla sizobhala indaba yethu ngesinye sezilwane esisendabeni. Masikhethe ukuthi isiphi isilwane esizobhala ngaso."* Bonisa abafundi izithombe zezilwane ezisendabeni. Uma usukhethile isilwane ozobhala ngaso, beka isithombe sesilwane maphakathi nephepha.

2 Sebenzisa lemibuzo elandeyo njengomhlahlandela wokubhalwa kwendaba:

- ★ Cela abafundi ukuthi bacabange igama elizonikwa isilwane bese ubhala phansi igama laso.
- ★ Cela imibono yabafundi ngokuthi isilwane sihlala kuphi nendawo. Bhala umusho uchaza ngaleyo ndawo.
- ★ Khulumani ngokuthi isilwane sithanda ukudlani. Uma senivumelene, kubhaleni phansi.
- ★ Cela imibono yabafundi ngento eyake yenziwa isilwane ngolunye usuku. Khetha umbono owodwa bese uwubhala phansi.
- ★ Khuluma ngokuthi kuzokwenzakalani kokulandelayo; bhala amagama womfundi.
- ★ Xoxa ngokuthi bacabanga ukuthi indaba iphela kanjani.

3 Manje-ke fundela abafundi indaba usebenzisa amabhokisi ukuze azokusiza. Uma kukhona isikhathi esanele ungacela abanye babafundi ukuthi benze imifanekiso ngendaba. Namathisela iphepha leshadi elipheqekayo elinendaba odongeni.

### Ukuhlanganisa nokuhlukanisa (amalunga)

1 Bonisa abafundi izithombe zezilwane zesandle. Cela abafundi ukuthi bakusize uqambe isithombe ngasinye bese uzinamathisela odongeni noma uzibeke phansi kukhaphethi ukuze bonke abafundi bazokwazi ukuzibona.

2 Faka izithombe esikhwameni. Khetha umfundi bese umcela ukuthi akhiphe isithombe esisodwa esikhwameni. Kufanele azame ukusho igama lesilwane sesandle ngokunensa, alinqamule libe ngamaqoqo ezinhlamvu.

3 Laba abanye abafundi kufanele balalele ukuthi kuthiwani, bese behlanganisa amaqoqo ezinhlamvu ukwenza igama.



## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 94
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

## You will need:

- Puppets from the story
- Flipchart paper, whiteboard marker
- A small bag with pictures or objects of wild animals that are multisyllabic words relating to the story

# Week 1 Day 5

## Whole class activities

### Make, draw and write

1 Say to learners: *"Today we are going to write our own story about one of the animals in the story. Let's choose which animal to write about."* Show learners the pictures of the animals from the story. Once you have chosen which animal to write about, place the picture of the animal in the middle of the paper.

2 Use the following questions to guide the story writing process:
- ★ Ask learners to think of a name for the animal and write down its name.
- ★ Ask learners for ideas about where the animal lives. Describe this place in a sentence and write it down.
- ★ Discuss what the animal likes to eat. Once you have agreed, write this down.
- ★ Ask learners for ideas about something the animal did one day. Choose one of the ideas to write down.
- ★ Talk about what happened next; write the learners' words.
- ★ Discuss how they think the story ended; write this sentence.

3 Now read the story to the learners using the boxes to help you. If there is time, you can ask some of the learners to illustrate the story. Stick the flipchart paper with the story on the wall.

### Blending and segmenting (syllables)

1 Show learners the pictures of wild animals. Ask learners to help you name each picture and stick the pictures on the wall or place them on the carpet so that all the learners can see them.

2 Then put the pictures in a bag. Choose a learner, and ask them to take one of the pictures out of the bag. They must try and say the name of the wild animal slowly, breaking it into syllables.

3 The other learners must listen to what they are saying, and blend the syllables together to make the word.




## Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.





Activity Guide Term 4_ZULU.indd 95
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

## Small group activities for Week 1

| You will need | Activities |
|---|---|
| • A blank A4 page for each learner<br>• Jumbo wax crayons<br><br><br>*At this time of the year, learners might be more confident to try to write themselves. Don't worry if some learners write a long string of letters without spaces.* | ***Activity 1*: Drawing and emergent writing**<br>**1** Write the title of the story at the top of each learner's blank page before the lesson.<br>**2** Ask learners to point to the words of the title as you read them together.<br>**3** Ask learners what part of the story they liked best. Give some suggestions.<br>**4** Encourage learners to draw their favourite part of the story.<br>**5** Make a comment or ask each learner to tell you about their drawing.<br>**6** Ask learners if they would like to write something about their picture or if they would like you to write for them.<br>**7** If learners would like you to write for them, keep them involved by asking them to say the words slowly as you write them down. Think aloud as you write their sentence.<br>**8** Write exactly what learners tell you, word for word, or ask learners if they agree before making any changes to their wording. Remember to write neatly and clearly.<br>**9** When you have finished writing, encourage learners to read the sentence with you. Point to each word as you read and acknowledge their efforts. |
| • **Puppet puzzles**<br>• Story puppets<br>• A4 paper<br>• Jumbo wax crayons | ***Activity 2*: Puzzles and games**<br>**1** Explain to learners that they must first sort the pieces by the colour of each animal, and then put the pieces together to make each animal from the story. Show them some of the body parts of the animals (trunk, legs, ears) and explain that they must look at the puppet to see where the body parts fit together.<br>**2** Once they have completed the animal puzzles, they can choose one animal to draw.<br> |
| • Books, magazines, folded little books, Big Books and leaflets<br> | ***Activity 3*: Independent reading**<br>**1** Lead the group to the book corner or give the group a pile of books.<br>**2** To begin with, you may need to help learners to choose a book, magazine or leaflet that they would like to read.<br>**3** Demonstrate opening a book and paging through. Show learners some of the pictures and then encourage them to each choose something to enjoy reading.<br>**4** Visit the corner to observe and encourage the learners' reading. |



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 97
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:59

| You will need | Activities |
|---|---|
| • The lion puppet or a picture of a male lion with a mane<br>• For each learner: an A5 piece of paper, orange or brown and yellow paper to draw and cut out circles, scissors, black crayons or kokis, either a toilet roll or an A5 piece of paper, circular shapes to trace around<br> | ***Activity 4*: Fine motor skills and handwriting**<br>**1** Show learners the lion puppet or a picture of a lion and ask if anyone knows what the fur around a lion's face is called (a mane).<br>**2** Explain to the learners that they are going to make a lion's face using the circles of paper.<br>**3** They must start by cutting out two circles. They can trace around a tin for a bigger circle, and trace around a toilet roll for a smaller circle. They must stick the smaller circle in the middle of the bigger circle and draw the lion's nose, mouth, eyes and whiskers. Then they can cut around the edge of the bigger circle to make a mane. When they have finished, they can stick the lion on their blank page or you can help them staple it onto a toilet roll.<br> |
| • Props: torches, pillows, sleeping bags, a pretend campfire with logs and coloured paper in orange, yellow and red to make a fire, pictures of different animal footprints to make tracks around the tent, a blanket or fabric to make a tent, a notebook and pencil to write down the names of the animal noises they hear while they are camping | ***Activity 5*: Pretend play**<br>**1** Lead the group to the pretend play corner and show them the new props.<br>**2** Explain to them that they are going to pretend to go on a night time camp in a game reserve. They must make tents using chairs and blankets. Some learners can pretend to be different animals making noises around the camp, for example, a lion roaring and creeping around, an elephant eating leaves. Visit the corner at least once to observe and encourage the learners' pretend play.<br> |



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 99
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/30 04:55

**Nakhu ozokudinga:**

- Ikhophi yezithombe zombala omnyamanomhlophe ezilandelanayo zomfundi
- Iphepha eliyi-A4 elingabhaliwe lutho lomfundi ngamunye

# Isonto 2 Usuku 1



## Umsebenzi wekilasi lonke

### Okunye ukulandelanisa izithombe

1. Qala ngabafundi abahlezi kumata. Khetha abafundi abahlezi ngaphambili ekilasini, umfundi ngamunye abambe isithombe esinombala ngokulandelana kwayo (nokho angayilandelanisi imibala).
2. Buza abafundi ukuthi izithombe zilandelana ngokwamukelekayo yini. Bacele bakhombe isithombe okumele siveze indaba lapho iqala khona.
3. Cela abafundi bendawonye ukuthi baye le nale nezithombe kuze kuhleleke kahle ukulandelana kwendaba. Buza imibuzo efana nokuthi: *"Ngubani okhumbula into eyenzeka ngokulandelayo?"*
4. Uma sewulandelanise kahle izehlakalo zendaba, abafundi kumele baphindele ematafuleni abo.
5. Buza/Cela abafundi ukuthi basike izithombe ezingenamibala, uzihlele ngokulandelana kwazo bese uzinamathisela ekhasini elingenalutho. Zungeza/ hambahamba ekilasini usize lapho kudingeka khona. Lomsebenzi uwusizo ekuhloleni amakhono abafundi lokubona imiphumela yendaba ngokulandelana kwayo. Uma abafundi sebeqedile umsebenzi wezithombe, nikeza umfundi ngamunye incwadi encane.
6. Uma isikhathi sikhona, abafundi "bangafunda" incwadi encane ngamunye, bayifundele abangane babo ekilasini.
7. Khuthaza abafundi ukuthatha izincwadi baye nazo emindenini yabo emakhaya.



### Ukwethula umsindo othathwe endabeni

1. Cela abafundi bahlale phansi kumata balalele okushoyo ngokuqikelela. Yisho la mazwi owathathe endabeni: *"wathi, washo, wethu. Uyayizwa imisindo okugxilwe kuyo:* ***w****athi,* ***w****asho,* ***w****ethu? Yebo, uqinisile! Wonke anomsindo /****w****/."*
2. *"Lalelisisa, nanka amagama aqala ngomsindo /****w****/: wena, wonke, iwolintshi, amawele, iwashi, iwundlu, iwodulophu, iwuli."* (Gcizelela imisindo engasekuqaleni ngenkathi usho la magama.)
3. Yisho lo msindo /**w**/ ngokucacile bese utshela abafundi ukuthi babukisise umlomo wakho.
4. Cela abafundi ukuthi basho lo msindo /**w**/: "**w-w-w**". Yenza lokhu kube wumdlalo omnandi: yisholo phansi, phakamisa izwi, wusho ubheke odongeni, wusho uwubhekise kusilingi kanye nakubafundi abanye.

## Umsebenzi wamaqembu amancane

Chazela abafundi ukuba ngemini nganye baza kusebenza kumaqela amancinci. Chaza uze ubabonise indlela owenziwa ngayo umsebenzi ngamnye ubacacisele nangendlela abaza kutshintshatshintsha ngayo. Bachazele nangokuba iza kuhamba njani inkqubo yokucoca.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 100
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55




**You will need:**

- A photocopy of the **Black and white sequence pictures** for each learner
- A blank A4 paper for each learner, scissors, glue

# Week 2 Day 1



## Whole class activities

### More sequencing pictures

1 Begin with learners sitting on the mat. Choose learners to stand in front of the class, each holding one of the colour sequence pictures (not in the correct order).

2 Ask learners if the pictures are in the correct order. Ask them to point out the picture which should be at the beginning of the story.


3 Together as a group, ask learners who are holding the pictures to move around until the story makes sense. Ask questions such as: *"Who can remember what happened next?"*

4 Once you have sequenced the story, learners must move to their tables.

5 Ask learners to cut out the black and white pictures, arrange them in the correct order and then glue them on a blank page. Walk around the class and assist where necessary. This activity is useful for assessing the learners' ability to put the main events of the story in the correct order.

6 Once learners have completed their sequence pictures, give each learner a little book. If there is time, they should "read" their little book to a partner in the class.

7 Learners can take the books or sequence pictures home to read with their families.



### Introducing a sound from the story

1 Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: *"wathi, washo, wethu. Can you hear the focus sound: **w**athi, **w**asho, **w**ethu? Yes, you are right! The focus sound is /**w**/.*

2 *"Listen carefully, here are some more words with /**w**/: wena, wonke, iwolintshi, amawele, iwashi, iwundlu, iwodulophu, iwuli."* (Emphasise the focus sound as you say these words.)

3 Say the sound /**w**/ clearly and tell learners to watch your mouth carefully.

4 Ask learners to say the sound /**w**/: "**w-w-w**". Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.

## Small group activities

Explain that learners will be working in small groups each day. Explain and show how each activity is done and explain the daily rotation. Explain the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 101 2021/11/09 04:55

Downloaded from www.mycourses.co.za

| **Nakhu ozokudinga:** |
| --- |
| • Incwadi Enkulu: *Imbabala nesivakashi*<br>• Amanzi asezitsheni zokuphatha nebhulashi lokupende kuzotholwa umfundi ngamunye |

# Isonto 2 Usuku 2



## Umsebenzi wekilasi lonke

### Ukufunda ngokubambisana – Incwadi Enkulu

1. Khuthaza abafundi ukuthi babuke ikhava, bese bekhuluma ngalokho abakubonayo nababona ukuthi bayakwazi.
2. Fundela ikilasi isihloko sendaba. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda. Sifunde futhi isihloko, bese ucela abafundi ukuthi basifunde kanye nawe.
3. Siza abafundi ukuthi balandele izithombe encwadini yonke, baxoxe ngazo, bese ubakhuthaza ukuthi babuze imibuzo.
4. Khomba izinombolo zekhasi, ukhulume ngokuthi iyiphi inamba ezolandela.
5. Uma "sewuyiphenyaphenyile" yonke incwadi, buyela ekuqaleni uyofunda isihloko futhi. Bese uphenya amakhasi ufunde umusho ngamunye ngezwi elicacile owazalwa nalo. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda.
6. Phinda uyifunde incwadi ukhuthaze abafundi ukuthi "bafunde" kanye nawe.



### Ukwakha uhlamvu



1. Khumbuza abafundi ngomsindo okugxilwe kuwo. Buza kubo ukuthi ukhona yini onegama eliqala ngohlamvu /**w**/ noma akhona yini amanye amagama abangawacabanga aqala ngohlamvu /**w**/.
2. Fundisa abafundi iminyakazo ehambisana nomsindo lowo. Isibonelo: Abafundi bengenza sengathi bayimidlwane bese bekhonkotha ngokunensa, bebange umsindo omkhulu: "**wu-wu-wu**".
3. Bonisa abafundi ukuthi uhlamvu **w** lubhalwa kanjani. Bhala uhlamvu olukhulu ebhodini noma emoyeni ngenkathi usho la mazwi: *"Qala echashazini, yehla, khuphuka, yehla, khuphuka."*
4. Dedela abafundi bazejwayeze ukwakha uhlamvu emoyeni, kukhaphethi, emhlane womunye nomunye noma ezandleni. Bangazama futhi ukusebenzisa imizimba yabo ukwakha uhlamvu.
5. Uma sewuqedile ukubakhombisa ukuthi uhlamvu lubhalwa kanjani, iya ngaphandle bese unika umfundi ngamunye isitsha sokuphatha esinamanzi nebhulashi lokupenda. Abafundi bengadweba uhlamvu ngamanzi ophahleni izikhathi eziningi.
6. Khuthaza abafundi ukuthi basho umsindo bawenze futhi ngenkathi bebhala uhlamvu.

## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 102 2021/11/09 04:59
Downloaded from www.mycourses.co.za



**You will need:**

- Big Book: *Bushbuck's visitor*
- Water in containers and a paintbrush for each learner

# Week 2 Day 2



## Whole class activities

### Shared reading – Big Book

1. Encourage learners to look at the cover picture and talk about what they see and recognise.
2. Read the title of the story to the class. Point to each word as you read. Read it again and ask learners to read with you.
3. Take learners on a picture walk through the book, discussing the pictures and encouraging learners to ask questions.
4. Point out the page numbers and talk about what number will come next.
5. When you have "walked" through the whole book, go back to the beginning and read the title again. Then turn the pages and read each sentence in a clear and natural voice. Point to each word as you read.
6. Read the book again and encourage learners to "read" with you.



### Forming the letter



1. Remind learners of the focus sound. Ask learners if anyone's name starts with /**w**/ or if they can think of any other words that start with the sound /**w**/.
2. Teach learners an action associated with the sound. For example: Learners can pretend they are a little dog and bark softly, loudly, with a high pitch and a deep sound: "**wu-wu-wu**".
3. Show learners how to write the letter **w**. Praise their attempts, then write a large letter on the board or in the air while saying the following: *"Start at the dot, go down, up, down and up."*
4. Let learners practise the letter formation in the air, on the mat, on each other's backs or on their hands. They can also try using their bodies to make the letter.
5. Once you have modelled how to write the letter, go outside and give each learner a container with water and a paintbrush. Learners can paint a letter many times in water on the paving.
6. Encourage learners to say the sound the letter makes as they write the letter.

## Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 103
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**Nakhu ozokudinga:**

- Ibhokisi lezinhlamvu eliqukethe izinto noma izithombe zezinto ngomsindo **w**: iwolintshi, iwoyela, iwolethi, iwashi, iwundlu, iwodulophu, iwuli



# Isonto 2 Usuku 3

## Umsebenzi wekilasi lonke

### Ukuzejwayeza ukulalela

1 Qala ngomsebenzi wanamuhla wokulalela uchaze ukuthi: *"Ngifuna nivale amehlo enu, bese ngisho umsindo. Ngifuna ulalelisise futhi uphakamise isandla , uma ungangitshela ukuthi umiphi lowomsindo."*

2 Yenza misindo efana nokungqongqoza etafuleni, ukushaya izandla, ukushaya insimbi encane, ukuchofoza iminwe yakho, ukudlala inothi elithile lomculo. Uma usuyenzile lemisindo yenza abafundi ukuthi bayikhombe lemisindo, enza lemisindo ukuthi ilandelane ibemihlanu. Phinda ukulandelana kwemisindo, bese ushiya owodwa ngahandle- abafundi kumele babone ukuthi iyiphi imisindo engekho.

3 Yisho kubafundi ukuthi: *"Manje kumele sizifundise ukulalela ngokucophelela, ngizosho amagama athile bese niyangitshela ukuthi iliphi elingajwayelekile. Lalela ngokucophelela wonke amagama ngaphambi kokuzama ukuqagela. Beka isandla sakho ekhanda uma ucabanga ukuthi uyayazi impendulo."*

- ★ imbabala, isele, ushokoledi, ibhubesi (ushokoledi awusona isilwane)
- ★ amakhanda, izincwadi, amahlombe, amadolo (incwadi ayilona ilunga lomzimba)
- ★ ingubo, ibhantshi, izicathulo, ushukela (ushukela awulona uhlobo lwento yokugqoka)
- ★ ushaka, inyosi, umkhoma, ihlengethwa (inyosi akusona isilwane esihlala emanzini)
- ★ isaqathe, amazambane, isihlalo, iklabishi (isihlalo akusiyo imifino).

### Amabhokisi ezinhlamvu

1 Cela abafundi ukuthi bahlale kumata bese ubakhombisa ngamunye izinto noma izithombe ezisebhokisini lezinhlamvu. Babuze amagama ezinto. Uma kunabafundi abakhuluma ezinye izilimi, bacele batshele abanye abafundi ukuthi bazibiza ngani lezi zinto ngezilimi abazikhuluma emakhaya. Bese unikeza igama lento ngayinye ngolimi okufundiswa ngalo. Banike izinto noma izithombe baziphathe bazidlulisele komunye nomunye umfundi.

2 Buza imibuzo ephathelene nezinto: *"Uke wayibona into efana nale? Senzani ngalokhu? Kumbala muni? Kuzwakala kanjani uma ukuthinta?"*

3 Yisho amagama ezinto, ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo. Buza abafundi ukuthi bayawuzwa yini umsindo okugxilwe kuwo.

4 Cela abafundi ukuthi basho igama lento ngayinye bese ugcizelela umsindo okugxilwe kuwo.



5 Uma abafundi sebezejwayezile imisindo emisha, bakhombise uhlamvu olusebhokisini lezinhlamvu, bese uthi: *"Lolu hlamvu luveza ukuthi silubhala kanjani uhlamvu **w**."* Cela abambalwa kubafundi ukuthi babhale phezu kwemigqa yohlamvu ngeminwe yabo.

## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 104
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**You will need:**

- A letter box containing objects or pictures of objects that have the focus sound **w**: iwolintshi, iwoyela, iwolethi, iwashi, iwundlu, iwodulophu, iwuli



# Week 2 Day 3


## Whole class activities

### Learning to listen

1. Begin today's listening activity by saying: *"I want you to close your eyes, then I am going to make a sound. I want you to listen carefully and put up your hand if you can tell me what sound it is."*
2. Make sounds such as knocking on the table, clapping your hands, ringing a small bell, clicking your fingers, playing a note on a musical instrument. Once you have made the sounds and learners have identified them, make a sequence of five sounds. Then repeat the sequence, but leave one sound out – learners must identify the missing sound.
3. Say to learners: *"Now that we have practised listening carefully, I am going to say some words and you must tell me which one is the odd one out. Listen carefully to all the words before you try and guess. Put your hand on your head if you think you know the answer."*
   - bushbuck, frog, chocolate, lion (chocolate is not an animal)
   - heads, books, shoulders, knees (a book is not a body part)
   - dress, jacket, shoes, sugar (sugar is not an item of clothing)
   - shark, bee, whale, dolphin (a bee is not a sea animal)
   - carrot, potato, chair, cabbage (a chair is not a vegetable).

### Letter boxes

1. Ask learners to sit on the mat and show them the objects and pictures in the letter box one at a time. Ask them for the names of the objects. If there are learners who speak different languages, ask them to tell the class what they call the object in their home language. Then give the word in the language of instruction. Let them hold the objects or pictures and pass them around.
2. Ask questions about the objects: *"Have you seen one of these? What do we use this for? What colour is it? How does it feel?"*
3. Say the names of the objects while emphasising the focus sound. Ask learners if they can hear the focus sound.
4. Ask learners to say the name of each object and emphasise the focus sound when they say the words.
5. Once learners have practised the new sound, show them the letter on the letter box and say: *"This letter is how we write **w**."* Let some learners trace over the letter on the lid with their fingers.



## Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 105 2021/11/09 04:55
Downloaded from www.mycourses.co.za

| Nakhu ozokudinga: |
| --- |
| • Ikhophi yekhasi lomsebenzi **wokuFunda nokwenza**<br>• Inhlanganisela yamakhrayoni asamafutha |

# Isonto 2 Usuku 4

## Umsebenzi wekilasi lonke

### Funda bese wenza

1. Umfundi ngamunye udinga ikhasi lakhe lomsebenzi. Tshela abafundi ukuthi babheke uhlu olusekhasini lomsebenzi bese bekhuluma ngabakubonayo (izinombolo, izithombe namagama).
2. Khumbuza abafundi ukuthi "bazofunda" umugqa nomugqa bese benza lokho okushiwoyo.
3. Zama ukugwema ukufunda uhlu kanye nabafundi , kodwa ubukhuthaze ukuthi bafunde lonke uhlu ngaphambi kokuthi uqale ukudweba.
4. Hamba ubuka njengoba abafundi benza umsebenzi ubaseke lapho kundingeka khona.
5. Khumbuza abafundi ukuthi babheke uhlu futhi emuva kokuba sebeqedile "ukufunda" kanye nokudweba, bese beyathikha uma ngabe sebeqede ulayini ngamunye Womsebenzi.



### Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo

1. Chazela abafundi ukuthi kumele bacule iculo futhi kumele beqhaphelisise imisindo esekugcineni kwamagama (ushuni: "uMary wayenewundlu elincane").
   - UThisha: *"Yimuphi umsindo oqeda lamagama, oqeda lama gama, oqeda lama gama? Yimuphi umsindo oqeda lamagama: biza, phuza, neroza."* (UThisha uqhweba abafundi ukuba baphendule.)
   - Abafundi basho umsindo osekugcineni kwegama, isibonelo: **/za/**. (UThisha wenza uphawu lokumisa isithupha.)
   - UThisha: *"/**za**/ umsindo oqeda lamagama, oqeda lamagama, oqeda lamagama! /**za**/ umsindo oqeda lamagama: biza, phuza, neroza."*
2. Sebenzisa lamagama kulomsebenzi:
   - /**la**/: lola, vala, vula, qala, wela, bila, ikhala, igula, jikijela, jula, ikamela, ifasitela, itafula, ikamela
### Introducing a sound from the story



1. Ask learners to sit on the mat and listen carefully to you. Say these words from the story: *"igama, emgogodleni, yegolide, Qagela-ke. Can you hear the focus sound: i**g**ama, em**g**o**g**odleni, ye**g**olide? Yes, you are right! They all have the sound /**g**/."*
2. *"Listen carefully, here are some more words with /**g**/: geza, gijima, igolide ugandaganda, ugogo, igagasi, igula, igusha, isigubhu, igilavu, eGoli."* (Emphasise the focus sound as you say these words.)
3. Say the sound /**g**/ clearly and tell learners to watch your mouth carefully.
4. Ask learners to say the sound /**g**/: "**g-g-g**". Make this fun: Say it softly, loudly, to the wall, to the ceiling and to each other.

## Small group activities

Explain that learners will be working in small groups each day. Explain and show how each activity is done and explain the daily rotation. Explain the tidy-up process.



Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:59



**Nakhu ozokudinga:**

- Incwadi Enkulu: *Indaba kaZanele*
- Amanzi asezitsheni zokuphatha nebhulashi lokupende kuzotholwa umfundi ngamunye

# Isonto 2 Usuku 2




## Umsebenzi wekilasi lonke

### Ukufunda ngokubambisana – Incwadi Enkulu

1. Khuthaza abafundi ukuthi babuke ikhava, bese bekhuluma ngalokho abakubonayo nababona ukuthi bayakwazi.
2. Fundela ikilasi isihloko sendaba. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda. Sifunde futhi isihloko, bese ucela abafundi ukuthi basifunde kanye nawe.
3. Siza abafundi ukuthi balandele izithombe encwadini yonke, baxoxe ngazo, bese ubakhuthaza ukuthi babuze imibuzo.
4. Khomba izinombolo zekhasi, ukhulume ngokuthi iyiphi inamba ezolandela.
5. Uma "sewuyiphenyaphenyile" yonke incwadi, buyela ekuqaleni uyofunda isihloko futhi. Bese uphenya amakhasi ufunde umusho ngamunye ngezwi elicacile owazalwa nalo. Khomba igama ngalinye ngenkathi ufunda.
6. Phinda uyifunde incwadi ukhuthaze abafundi ukuthi "bafunde" kanye nawe.

### Ukwakha uhlamvu

1. Khumbuza abafundi ngomsindo okugxilwe kuwo. Buza kubo ukuthi ukhona yini onegama eliqala ngohlamvu /**g**/ noma akhona yini amanye amagama abangawacabanga aqala ngohlamvu /**g**/.
2. Fundisa abafundi iminyakazo ehambisana nomsindo lowo. Isibonelo: Abafundi bengenza sengathi bashaya isigubhu ngesikhathi bethi: "**i-si-gu-bhu**".
3. Bonisa abafundi ukuthi uhlamvu /**g**/ lubhalwa kanjani. Bhala uhlamvu olukhulu ebhodini noma emoyeni ngenkathi usho la mazwi: *"Qala echashazini, jikeleza, uye phezulu, wehle, ujikeleze."*
4. Dedela abafundi bazejwayeze ukwakha uhlamvu emoyeni, kukhaphethi, emhlane womunye nomunye noma ezandleni. Bangazama futhi ukusebenzisa imizimba yabo ukwakha uhlamvu.
5. Uma sewuqedile ukubakhombisa ukuthi uhlamvu lubhalwa kanjani, iya ngaphandle bese unika umfundi ngamunye isitsha sokuphatha esinamanzi nebhulashi lokupenda. Abafundi bengadweba uhlamvu ngamanzi ophahleni izikhathi eziningi.
6. Khuthaza abafundi ukuthi basho umsindo bawenze futhi ngenkathi bebhala uhlamvu.



## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 132
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**You will need:**

- Big Book: *Zanele's story*
- Water in containers and a paintbrush for each learner

# Week 2 Day 2




## Whole class activities

### Shared reading – Big Book

1. Encourage learners to look at the cover picture and talk about what they see and recognise.
2. Read the title of the story to the class. Point to each word as you read. Read it again and ask learners to read with you.
3. Take learners on a picture walk through the book, discussing the pictures and encouraging learners to ask questions.
4. Point out the page numbers and talk about what number will come next.
5. When you have "walked" through the whole book, go back to the beginning and read the title again. Then turn the pages and read each sentence in a clear and natural voice. Point to each word as you read.
6. Read the book again and encourage learners to "read" with you.

### Forming the letter

1. Remind learners of the focus sound. Ask learners if anyone's name starts with /**g**/ or if they can think of any other words that start with the sound /**g**/.
2. Teach learners an action associated with the sound. For example: Learners can pretend to beat a drum while saying: "**i-si-gu-bhu**".
3. Show learners how to write the letter **g**. Praise their attempts, then write a large letter on the board or in the air while saying the following: "*Start at the dot, go round, up to the top, down and around.*"
4. Let learners practise the letter formation in the air, on the mat, on each other's backs or on their hands. They can also try using their bodies to make the letter.
5. Once you have modelled how to write the letter, go outside and give each learner a container with water and a paintbrush. Learners can paint a letter many times in water on the paving.
6. Encourage learners to say the sound the letter makes as they write the letter.



## Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 133
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**Nakhu ozokudinga:**

- Ukuqoshwa kwengxoxo ende *yendaba kaZanele* leyondaba ifundwe ngu-Sindiswe Magona (ungayilanda lapha: https://www.youtube.com/watch?v=xioDlWKHFJs)
- Ibhokisi lezinhlamvu eliqukethe izinto noma izithombe zezinto ngomsindo **g**: ugandaganda, ugogo, igagasi, igula, igolide, ugange, igusha, igundane, igobolondo, igilavu

# Isonto 2 Usuku 3

## Umsebenzi wekilasi lonke

### Ukuzejwayeza ukulalela

1. Tshela abafundi ukuthi badlale benze isiyingi/undilinga bese ubacela ukuthi bavale amehlo bese belalela ngokucophelela imisindo esiduzane kwabo. Tshela abafundi bahlikihle izindlebe zabo ukuze balungele ukulalela ngokucophelela.
2. Bachazele ukuthi uzobadlalela into eqoshiwe yendaba ende kaZanele ngeSingisi. Kumele balalele ngokucophelela babone ukuthi bakhumbula kangakanani endabeni obatshele yona.
3. Dlalela abafundi lokho okuqoshiwe bese uyabancoma ngokulalela kwabo.
4. Uma ngabe seniyiqedile indaba, ungabuza abafundi ukuthi yini abayithandile kakhulu ngalendaba ende.
5. Tshela abafundi ukuthi bangatshela abazali babo bebalandele indaba bayilalele emakhaya.

### Amabhokisi ezinhlamvu

1. Cela abafundi ukuthi bahlale kumata bese ubakhombisa ngamunye izinto noma izithombe ezisebhokisini lezinhlamvu. Babuze amagama ezinto. Uma kunabafundi abakhuluma ezinye izilimi, bacele batshele abanye abafundi ukuthi bazibiza ngani lezi zinto ngezilimi abazikhuluma emakhaya. Bese unikeza igama lento ngayinye ngolimi okufundiswa ngalo. Banike izinto noma izithombe baziphathe bazidlulisele komunye nomunye umfundi.
2. Buza imibuzo ephathelene nezinto: *"Uke wayibona into efana nale? Senzani ngalokhu? Kumbala muni? Kuzwakala kanjani uma ukuthinta?"*
3. Yisho amagama ezinto, ugcizelele umsindo okugxilwe kuwo. Buza abafundi ukuthi bayawuzwa yini umsindo okugxilwe kuwo.
4. Cela abafundi ukuthi basho igama lento ngayinye bese ugcizelela umsindo okugxilwe kuwo.
5. Uma abafundi sebezejwayezile imisindo emisha, bakhombise uhlamvu olusebhokisini lezinhlamvu, bese uthi: *"Lolu hlamvu luveza ukuthi silubhala kanjani uhlamvu **g**."* Cela abambalwa kubafundi ukuthi babhale phezu kwemigqa yohlamvu ngeminwe yabo.



## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 134
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55



**You will need:**

- A recording of the long version of *Zanele's story* read by Sindiwe Magona (you can download it here: https://www.youtube.com/watch?v=xioDlWKHFJs)
- A letter box containing objects or pictures of objects that have the focus sound **g**: ugandaganda, ugogo, igagasi, igula, igolide, ugange, igusha, igundane, igobolondo, igilavu

# Week 2 Day 3

## Whole class activities

### Learning to listen

1. Seat learners in a circle and ask them to close their eyes and listen carefully to the sounds around them. Tell learners to rub their ears to get ready for careful listening.
2. Explain that you are going to play them a recording of a long version of Zanele's story in English. They must listen carefully and see how much they remember from the story you told them.
3. Play the recording and praise learners for good listening.
4. When the story is finished, ask learners what they liked most about the long version of the story.
5. Tell learners that they can ask their parents to download the story and listen at home.

### Letter boxes

1. Ask learners to sit on the mat and show them the objects and pictures in the letter box one at a time. Ask them for the names of the objects. If there are learners who speak different languages, ask them to tell the class what they call the object in their home language. Then give the word in the language of instruction. Let them hold the objects or pictures and pass them around.
2. Ask questions about the objects: *"Have you seen one of these? What do we use this for? What colour is it? How does it feel?"*
3. Say the names of the objects while emphasising the focus sound. Ask learners if they can hear the focus sound.
4. Ask learners to say the name of each object and emphasise the focus sound when they say the words.
5. Once learners have practised the new sound, show them the letter on the letter box and say: *"This letter is how we write **g**."* Let some learners trace over the letter on the lid with their fingers.



## Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 135
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

**Nakhu ozokudinga:**

- Ikhophi yomfundi ngamunye yekhasi lomsebenzi **wokuFunda nokwenza**
- Inhlanganisela yamakhrayoni asamafutha
- Amakhadi ezithombe
- Izindingilizi zama-Olimpiki ezinhlanu ezenziwe ngamakopi ambozwe ngamaphepha anemibala (imibala yama-Olimpiki: omnyama, obomvu, oluhlaza satshani, ophuzi, oluhlaza okwesibhakabhaka) nohlamvu nekhadi lesithombe linamathelisiwe ekopini ngalinye

UStella uthi:



*Uma unabafundi abavela kwamanye amazwe ekilasini lakho, babuze ukuthi banalo yini ifulegi lesizwe abangaliletha ekilasini, noma uthole isithombe sefulegi ukhombise abanye abafundi ekilasini.*





# Isonto 2 Usuku 4

## Umsebenzi wekilasi lonke

### Funda bese wenza

1. Buza abafundi ukuthi ngabe bayasazi yini isithombe esisephepheni lemisebenzi lapho okubhalwe khona ukuthi Funda bese Wenze. Isithombe sefulegi lase Ningizimu Afrika kumele basifake imibala. Bacele ukuba babuke ithebula elingezansi ekhasini bese bekhuluma ngabakubonayo (izinombolo, izithombe namagama).
2. Khumbuza abafundi ukuthi "bazofunda" umuqga nomugqa bese benza lokho okushiwoyo.
3. Lona umsebenzi "wokufaka umbala ngezinombolo". Funda umbhuku wokuqala bese ucela abafundi ukuba bafake umbala omnyama endingilizini. Bese ubheka umbhuku wesibili bese befaka umbala ophuzi. Tshengisa abafundi umbhuku ngamunye bese ubacela ukuba bafake imibala ezindingilizeni. Uma sebekwenzile lokho, bachazele ukuthi uma bebona unombolo 1 efulegini, kumele bafake umbala omnyama, uma bebona unombolo 2, kumele bafake umbala ophuzi. Abafundi kumele baqhubeke baze baqede ukufaka imibala efulegini.
4. Hamba uhlola ngesikhathi abafundi besebenza ubakhuthaze lapho okunesidingo khona.
5. Khumbuza abafundi ukuthi kumele baphinde babheke ithebuli uma sebeqedile "ukufunda" nokufaka imibala, bese befaka uphawu lokuphawula embhukwini ngamunye uma seqedile lomsebenzi.





### Ukulalela imisindo okugxilwe kuyo

1. Nikeza umfundi ngamunye ikhadi lesithombe. Kumele baqambe isithombe sabo bese besho igama laso ngokunensa. Laba abanye abafundi kumele bazame ukuthola umsindo emagameni. Isibonelo: igama elithi "ifasitela" linomsindo /f/.
2. Uma umfundi ngamunye esethole ithuba lokusho igama lesithombe nomsindo sebewutholile, bonisa abafundi izindingilizi ezinembobo ngaphakathi zamakopi ama-Olimpiki. Bachazele ukuthi kumele babheke uhlamvu obhalwe ekopini ngalinye bese bethatha isinqumo sokuthi bazolifaka kuphi ikhadi lezithombe. Isibonelo: uma benesithombe "sefasitela", bakuzofanele bayifake ngaphakathi kwekopi nomsindo **f**.

## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 136 2021/11/09 04:55
Downloaded from www.mycourses.co.za

**You will need:**

- A photocopy of the **Read and do activity page** for each learner
- Jumbo wax crayons
- Picture cards
- Five Olympic rings made from tins covered with coloured paper (Olympic colours: black, red, green, yellow, blue) with a letter and picture card stuck on the front of each tin

Stella says:



*If you have learners from other countries in your class, ask them if they have a national flag that they can bring to class, or find a picture of the flag to show the other learners in the class.*

# Week 2 Day 4

## Whole class activities

### Read and do


1 Ask learners if they recognize the picture on their **Read and do activity page**. It is a picture of the South African flag and they are going to colour it in. Ask them to look at the table at the bottom of the page and talk about what they see (numbers, pictures and words).


2 Remind learners that they are going to "read" each block and then do what it says.

3 This is a "colour by number" activity. Read the first block with learners and ask them to colour the circle in black. Then look at the second block and colour the circle in yellow. Take learners through each block and ask them to colour in the circles. Once they have done that, explain that wherever they see the number 1 on the flag, they must colour in black, wherever they see a number 2, they must colour in yellow. The learners must continue until the whole flag has been coloured in.

4 Walk around as learners are working and give support where necessary.

5 Remind learners to check the table again after they have finished "reading" and colouring in, and to put a tick in each block when they have done that task.





### Listening for focus sounds



1 Give each learner a picture card. They must name their picture and then say the word very slowly. The other learners must try to identify the focus sound in the word. For example: The word "ifasitela" has the focus sound /**f**/.

2 When each learner has had a turn to say the name of a picture and the focus sound has been identified, show learners the Olympic ring tins. Explain that they must look at the letter written on each tin and decide where to put their picture card. For example: If they have a picture of a "sefasitela", they would need to place it in the tin with the **f** sound.

## Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 137
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

# Isonto 2 Usuku 5

**Nakhu ozokudinga:**

- Ucezu lweshadi, umaka wepeni wokubhala ebhodini elimhlophe noma ikhokhi ejiyile
- Izithombe noma iziqeshana zama-video abantu abenza izinhlobo ezahlukene zemidlalo
- Inhlanganisela yamakhrayoni asamafutha
- Isikhwama noma isikhwama somqamelo, izinto noma izithombe zabantu abenza zemidlalo ehlukile

## Umsebenzi wekilasi lonke

### Yakha, udwebe bese uyabhala

1. Khombisa abafundi izithombe noma iziqeshana zama-video abantu abenza izinhlobo ezahlukene zemidlalo. Babuze ukuthi yimuphi umdlalo abathanda ukuwubuka noma abathanda ukuwufunda.
2. Khuluma ngomncintiswano wezemidlalo ongaba nawo esikoleni sakho. Xoxani ukuthi imuphi umdlalo eningawenza nokuthi yini enizoyidinga kulomcitiswano. Nayi eminye imibono: ukuphonsa izikhwama zikabhotshisi ebhakedeni, ukuhamaba unqamule epulangweni, ubone ukuthi ungagxuma kangakanani.
3. Cela abafundi ukuthi bakusize ukubhala isimemo kuthishanhloko ukuthi eze kumcintiswano ukuze azothula izindondo. Khuluma ngokuthi usiqala kanjani isimemo: *"Sawubona …, Sicela uze emcintiswaneni wethu wezemidlalo."* Xoxa ngalokho okudingeka ukubhale esimemweni: igama lomcimbi, usuku, isikhathi kanye nendawo.
4. Khetha abafundi ababili abazohambisa izincwadi bese ucela uthishanhloko ukuthi abhale impendulo. Funda impendulo yakhe ekilasini.
5. Enza amalungiselelo osuku lwezemidlalo bese ucela uthishanhloko ukuthi anikeze umfundi ngamunye indondo (Ungasebenzisa indondo eyenziwe ngenhlama yokudlala eyenziwe ngabafundi.)

**UStella uthi:**

*Ebafundzi bangahle batfole bumatima ekucaleni njengobe kungasilula kuwa umsindvo ngamunye emagameni.*

### Ukuxuba nokwahlula amagama (amalunga namafonimu)

1. Faka amakhadi ezithombe noma izinto esikhwameni noma esikhwameni somqamelo.
2. Qala lomsebenzi ngokufaka isandla sakho esikhwameni, ukhethe okuthile bese wenza umsindo wayo ukuze abafundi baqagele. Isibonelo: *"Ngiphethe i-bh-o-l-a esandleni sami. Kuyini lokho?"*
3. Umfundi ozoqagela kuqala engaqhubeka futhi ngosizo lwakho, khetha ikhadi noma into uthisha azokwenza umsindo wayo.
4. Uma usukhiphe amakhadi ayisishiyagalombili noma izinto, namathisela amakhadi odongeni noma uwabeke kumata ukuze abafundi bezowabona. Bese uthi kubo: *"Ngifuna i-bh-o-l-a engizolisusa. Ubani ongangitholela lona?"*
5. Buyisela ikhadi ngalinye noma into esikhwameni. Bese ubuza kubafundi ukuthi ngabe ukhona yini ongathanda ukukhetha into bese esho umsindo wayo ngegama ukuze abanye bazoqagela ukuthi yini esesandleni.



## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu amancane

Khumbuza abafundi ngemisebenzi abazoyenza bengamaqenjana amancane, imithetho yomsebenzi ngamunye kanye nendlela odinga kuqoqwe ngayo.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 138 2021/11/09 04:55

Downloaded from www.mycourses.co.za

# Week 2 Day 5

**You will need:**

- A piece of flipchart paper, whiteboard marker or a thick koki
- Pictures or video clips of people doing different types of sport
- Jumbo wax crayons
- Bag or pillowcase, objects used in different sports or pictures of people doing different sports

## Whole class activities

### Make, draw and write

1. Show learners pictures or video clips of people doing different types of sport. Ask them which sport they enjoy watching or which sport they would like to learn.
2. Talk about a sporting competition that you could have at your school. Discuss which sport you could do and what you would need for the competition. Here are some ideas: throwing bean bags into a bucket, walking across a plank, seeing how far you can jump.
3. Ask learners to help you write an invitation to the principal to come to the competition and present the medals. Talk about how you start a letter or invitation: "Dear .... Please come to our sporting competition." Discuss what you need to write on the invitation: name of event, date, time and place.
4. Choose two learners to deliver the letter and ask the principal to respond in writing. Read her response to the class.
5. Make arrangements for the sports day and ask the principal to present each learner with a medal. (You can use the playdough medals each learner made.)

Stella says:



*Learners might struggle with this at first as it is difficult to hear the individual sounds (phonemes) in words.*

### Blending and segmenting (syllables and phonemes)

1. Put the picture cards or objects into a bag or pillowcase.
2. Start the activity by putting your hand in the bag, choosing something and sounding out for the learners to guess. For example: *"Ngiphethe i-bh-o-l-a esandleni sami. Kuyini lokho?"*
3. The first learner to guess can then have a go and with your help, choose the next card or object for the teacher to sound out.
4. Once you have taken out eight cards or objects, stick the cards on the wall or put them on the mat so that learners can see them. Then say: *"Ngifuna i-bh-o-l-a engizolisusa. Ubani ongangitholela lona?"*
5. Put each card or object back in the bag. Then ask learners if anyone would like to try choosing something and saying the sounds in the word so that others can guess what they have in their hand.



## Small group activities

Remind learners about the small group activities, the rules for each activity and the tidy-up process.



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 139
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55



## Imisebenzi yokwenziwa ngamaqembu Isonto 2

| Nakhu ozokudinga | Imisebenzi |
|---|---|
| • Iphepha eliyi-A4 elingabhaliwe lutho lomfundi ngamunye<br>• Inhlanganisela yamakhrayoni asamafutha<br>• Izinhlobo zezithombe ezahlukahlukene zemidlalo okuzoxoxwa ngazo (noma iziqephu zama-video uma kungenzeka), isibonelo: ukuzivocavoca komzimba, ukubhukuda, ibhola lezinyawo, ibhola lombhoxo, ihokhi, umdlalo wokuphonsa, ukuhamba ngebhayisekili, ukugijima, ukugibela ihhashi, ithenisi | ***Umsebenzi 1:* Ukudweba nokubhala okuvelayo**<br>**1** Abafundi kumele babheke izithombe zemidlalo eyahlukene bese beyanquma ukuthi imiphi imidlalo abangathanda ukuyifunda.<br>**2** Kumele badwebe isithombe sabo bedlala lowomdlalo bese bebhala igama lomdlalo ngaphansi kwesithombe.<br> |
| • Amakhadi ezithombe anohlamvu, izinhlamvu ezifanisayo ezisesithombeni ngasinye esibhalwe ngaphakathi kwezivalo zojeke noma ezamabhodlela<br>• Ucezu lwekhadi elikhulu elinemidwebo yezivalo zamabhodlela | ***Umsebenzi 2:* Amaphazili nemidlalo**<br>**1** Chazela abafundi ukuthi kumele bacoshe isivalo, basho umsindo wohlamvu bese beyabheka ukuthi bengasithola yini isithombe edingilizeni yokufanisa esekhadini.<br>**2** Uma sebethole isithombe esifanayo, kumele babeke isivalo phezu kwesithombe kuze kumbozeke zonke izithombe.<br> |
| • Izincwadi, amaphephabhuku, izincwajana ezigoqiwe, Izincwadi Ezinkulu kanye nezikhangisi<br> | ***Umsebenzi 3:* Ukufunda ngokuzimela**<br>**1** Thatha iqembu labafundi uye nalo engosini enamabhuku, noma unike iqembu labafundi amabhuku ambalwa.<br>**2** Ngasekuqaleni, ungabasiza abafundi ukuthi bakhethe incwadi, iphephabhuku noma ipheshana abangathanda ukulifunda.<br>**3** Khombisa ukuthi ibhuku livulwa kanjani, embulwe kanjani futhi amakhasi alo. Khombisa abafundi ezinye zezithombe, ubakhuthaze ukuthi bakhethe izingxenye abazokujabulela ukuzifunda.<br>**4** Iya engosini yamabhuku uyophonsa iso uphinde ukhuthaze abafundi ukuthi bafunde. |




Activity Guide Term 4_ZULU.indd 140
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:59

# Small group activities for Week 2

| You will need | Activities |
|---|---|
| • A blank A4 page for each learner<br>• Jumbo wax crayons<br>• Pictures of different types of sport to discuss (or video clips if possible), for example: gymnastics, swimming, soccer, rugby, hockey, javelin, cycling, running, horse riding, tennis | ***Activity 1*: Drawing and emergent writing**<br>**1** Learners must look at the pictures of different sports and decide which sport they would like to learn.<br>**2** They must draw a picture of themselves doing that sport and try to write the name of the sport underneath their picture.<br><br> |
| • Letter picture cards, matching letters for each picture written inside lids of jars or bottles<br>• Large piece of card with outlines of the bottle lids drawn on the card | ***Activity 2*: Puzzles and games**<br>**1** Explain to learners that they must pick up a lid, say the sound of the letter and then see if they can find the picture in the matching circle on the card.<br>**2** Once they find the matching picture, they must put the lid over the picture until all the pictures are covered.<br> |
| • Books, magazines, folded little books, Big Books and leaflets<br> | ***Activity 3*: Independent reading**<br>**1** Lead the group to the book corner or give the group a pile of books.<br>**2** To begin with, you may need to help learners to choose a book, magazine or leaflet that they would like to read.<br>**3** Demonstrate opening a book and paging through. Show learners some of the pictures and then encourage them to each choose something to enjoy reading.<br>**4** Visit the corner to observe and encourage the learners' reading. |



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 141
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/30 04:55

| You will need | Activities |
|---|---|
| • Olympic rings cut out of card, glue and scissors, wool in the colours of the Olympic rings | ***Activity 4*: Fine motor skills and handwriting**<br>**1** Give each learner in the first group a ring and explain that they must wind the wool through the hole in the centre and around the ring. They continue doing this until the time for small group activities is up. The next day, the learners in the next group continue winding wool around the same rings.<br>**2** At the end of the week, the completed rings can be arranged in the Olympic symbol and stuck on the wall in the classroom.<br>  |
| • Props: telephone, till, different sports items such as balls, clothes, shoes, rackets/bats or hockey sticks, sports magazines (often given free), pictures of sports items and clothes | ***Activity 5*: Pretend play**<br>**1** Remind learners about the props in the pretend play corner and encourage them to continue from Week 1 when they pretended to be working at or visiting a sportshop to buy and sell sporting equipment and clothes.<br>**2** Visit the corner at least once to observe and encourage the learners' game.<br> |



Activity Guide Term 4_ZULU.indd 143
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/09 04:55

# ★ Ithemu 4: Isibonelo serekhodi lokuhlola okuqhubekayo (uhla lokuzoqinisekiswa)

✓ Uphumelele

• Akaphumelelanga

× Ucishe waphumelela

| Isigaba | Okubhekwayo | Usuku | Amagama | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Ukulalela nokukhuluma | Uyayilalela imiyalelo eminingi ewubuxhakaxhaka aphinde ayigcine. | | | | | |
| Ukulalela nokukhuluma | Uyazilalela izindaba ezinde akhombise ukuziqonda ngokuthi aphendule imibuzo emayelana nazo izindaba lezo. | | | | | |
| Ukulalela nokukhuluma | Uyawacula amaculo alalele nezinkondlo aphinde azenzele ngokwakhe nangeqholo izenzo ezifanele | | | | | |
| Ukulalela nokukhuluma | Uyayibuza imibuzo acele nezincazelo noma athungathe izincazelo emabhukwini. | | | | | |
| Ukulalela nokukhuluma | Sebenzisa ulimi ukucabanga nokuthola isisusa: ifanisa izinto ezihamba ndawonye bese iqhathanise izinto ezahlukene | | | | | |
| Imisindo, ukufunda nokubuka | Uyawehlukanisa amagama anamalunga amaningi awaveze amalunga. | | | | | |
| Imisindo, ukufunda nokubuka | Uyakwazi ukuveza ubuhlobo emisindweni, ezinhlamvini kanye nasemagameni kanti uyaqonda ukuthi amagama akhiwa yimisindo engaphezu kowodwa – konke lokho ekwenza ngokukhuluma. | | | | | |
| Imisindo, ukufunda nokubuka | Ubamba incwadi ngendlela efanele bese ephenya amakhasi ngendlela efanele. Uyaxoxa ngokuphathwa kanye nokunakekelwa kwamabhuku. | | | | | |
| Imisindo, ukufunda nokubuka | Uyakwazi ukulingisa indaba, iculo noma inkondlo. | | | | | |
| Imisindo, ukufunda nokubuka | Useqala ukukwazi 'ukufunda' amagama avela njalo ekilasini, esikoleni kanye nasemphakathini. | | | | | |
| Imisindo, ukufunda nokubuka | Amabhuku asemtatsheni wolwazi nasekilasini ekhoneni lokufunda, uwafunda ngokuzimela avule namakhasi ngendlela eyiyo, awahloniphe nalawo mabhuku ebe ezifundela nje. | | | | | |
| Imisindo, ukufunda nokubuka | Ukwazi ukuzibandakanya ngeqholo nangokukuthokozela ukufunda imibhalo ngokubambisana aphinde aveze nokukhula kulokhu. | | | | | |
| Ukubhala kahle ngesandla kokuqala | Uthuthukisa ukulawula izicubu ezincane, esebenzisa isikelo ukusika amaphepha, imifanekiso, izimo, njll. | | | | | |
| Ukubhala kahle ngesandla kokuqala | Amakhrayoni uwabamba ngendlela eyamukelekayo yokubamba ipensela, akhombise ukukhuthala kwesandla sokunxele/sokudla bese ebhala emi ngendlela efanele ngokomzimba. | | | | | |
| Ukubhala kahle ngesandla kokuqala | Uyazakha izinhlamvu ngezindlela ezahlukene esebenzisa ukupenda ngeminwe, ukupenda ngamabhulashi, ngamakhrayoni asamafutha, njll. esukela lapho kufanele khona athathe inkombandlela efanele. | | | | | |
| Ukubhala kahle ngesandla kokuqala | Uyasifaka isandla ngemibono nemisho emsebenzini wokubhala ekilasini: ngenkathi kunengane ehola indlela okubhalwa ngayo lapho uthisha ebhala okuthile. | | | | | |
| Ukubhala kahle ngesandla kokuqala | Uyakwazi ukudweba izithombe ukudlulisa umlayezo omayelana nakuzuzile empilweni yakhe bese esebenzisa lokhu njengesiqalo salokho akubhalayo. | | | | | |
| Ukubhala kahle ngesandla kokuqala | Wenza sengathi uyabhala wenza imidwebo engewona amagama, aphinde 'afunde' abakubhale noma kanjani ngemidwebo. | | | | | |
| Ukubhala kahle ngesandla kokuqala | Ukwazi ukulingisa indlela yokubhala emidlalweni yeshashalazi: wakha amakhadi okubingelela, abhala izincwadi, enze nokunye. Ukwazi ukukopisha okubhaliwe ekuthathela ezintweni ezimzungezile ngenkathi edlala. | | | | | |

Activity Guide Term 4_ZULU.indd 146
2021/11/29 04:55
Downloaded from www.mycourses.co.za

# ★ Term 4: Exemplar record of continuous assessment (checklist)

| | Listening and Speaking | | | | | Phonics, Reading and Viewing | | | | | | | Handwriting and Emergent writing | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| ✓ Achieved<br>• Almost<br>• Not yet | Listens to a complex string of instructions and acts on them. | Listens to longer stories and shows understanding by answering questions related to the story. | Sings songs and rhymes and performs actions on own with confidence. | Asks questions and asks for explanations or looks to books for explanations. | Uses language to think and reason. Matches things that go together, and compares things that are different. | Divides multisyllabic words into syllables. | Relates sounds to letters and words and understands that words consist of more than one sound – done aurally | Holds the book the right way up and turns pages correctly. Discusses book handling and care. | Acts out a story, song or rhyme. | Begins to 'read' high frequency words seen in the classroom, at school and in the community. | 'Reads' books independently for pleasure in the library or classroom reading corner, turning the pages correctly, showing respect for books. | Joins in the shared reading of texts with increasing confidence and enjoyment. | Develops fine motor control using scissors to cut out bold outlined pictures, shapes etc. | Holds crayons using an acceptable pencil grip, demonstrates left/right hand dominance and writes using a good writing position. | Forms letters in various ways using finger painting, paint brushes, wax crayons etc starting at the right point and following the correct direction. | Contributes ideas and sentences to a class piece of writing: child dictates as the teacher writes. | Draws pictures to convey a message about a personal experience and uses this as a starting point for writing. | Makes an attempt to write letters using squiggles, scribbles and 'reads' own writing: 'reads' what squiggles say. | Role-plays writing in play situations: makes greeting cards, writes letters etc. Copies print from the environment while playing. |
| Date | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| Names | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |



Downloaded from www.mycourses.co.za

# ★ Ithemu 2: Ukulalela nokukhuluma Irubhrikhi 1–2

| Indlela yokuhlola | 1. Akaphumelelanga (0 – 29%) | 2. Uphumelele ngokusezingeni (30 – 49%) | 3. Uphumelele ngokwanele (50 – 74%) | 4. Uphumelele ngamalengisi (75 – 100%) |
|---|---|---|---|---|
| 1 **Uyazixoxa izindaba bese ephinda axoxe nezabanye abafundi ngawakhe amagama** | Akakwazi ukuxoxa izindaba aziphindaphinde; ukwazi ukusho amazwi ambalwa kuphela. | Uphindaphinda kancane; ufaka izehlakalo zimbalwa; akuncomeki ukulandelanisa kwakhe; usebenzisa imisho emifushane kanye namagama alula kwamasha. | Uyakwazi ukuphinda axoxe ngezehlakalo eziningana endabeni, abe nesiqalo, nomzimba, kanye nesiphetho ngamazwi angemaningi; udinga ukukhunjuzwa njengokuthi: 'kwase, kwalandela…'; 'kwenzekani futhi?'; useqala ukusebenzisa imisho ethi mayibe mide. | Indaba ilandelana ngokunomqondo kanti inaso isiqalo, umzimba kanye nesiphetho; abalingiswa nesizinda kuchazwe ngokugcwele; izinhloso nemizwa yabalingiswa nayo ichaziwe; usebenzisa imisho emide nexabalasile kanti uyawafaka amazwi afana nokuthi 'kwabe se…'; 'emva kwalokho'; uyawasebenzisa amagama amasha asendabeni. |
| 2 **Uyazihlela izithombe ezithile ngendlela yokuthi ziyakhe indaba kube nokulandelana okunomqondo ezehlakalweni uma zixoxwa endabeni eyakhekile** | Akakwazi ukulandelanisa amakhadi. | Ulandelanisa kahle amakhadi kodwa akakwazi ukuxoxa indaba. | Ulandelanisa kahle amakhadi futhi uyakwazi ukuxoxa indaba. | Ulandelanisa kahle amakhadi futhi uyakwazi ukuxoxa indaba eneminingwane egcwele. |

Activity Guide Term 4_ZULU.indd 148

Downloaded from www.mycourses.co.za

2021/11/29 04:55

# ★ Term 4: Listening and speaking Rubric 1 and 2

| Assessment criteria | 1. Not achieved (0 – 29%) | 2. Moderate achievement (30 – 49%) | 3. Adequate achievement (50 – 74%) | 4. Outstanding achievement (75 – 100%) |
|---|---|---|---|---|
| 1 **Tells stories and retells stories in own words** | Unable to tell stories and retell stories; only able to say a few words. | Limited retelling; only includes some events; order might not be correct; uses short sentences and simple vocabulary. | Able to retell most events in story with beginning, middle and end but very few details; needs prompts such as: "and then"; "what happened next?"; starting to use longer sentences. | Story follows logical sequence and has a beginning, middle and end; characters and setting described in detail; intentions and feelings of characters are described; uses longer and more complex sentences and joining words such as "and then"; "after that"; uses new vocabulary from the story. |
| 2 **Arranges a set of pictures in such a way that they form a story and logical sequence of events when verbalised and relates the story created** | Unable to arrange a set of cards in a correct sequence. | Arranges a set of cards in the correct sequence, but not able to tell story. | Arranges a set of cards in the correct sequence and able to relate a simple story. | Arranges a set of cards in the correct sequence and able to relate a story with relevant details. |


Downloaded from www.mycourses.co.za

# Ithemu 4: Imisindo, Ukufunda Nokubuka Irubhrikhi 1–3

| Indlela yokuhlola | 1. Akaphumelelanga (0 – 29%) | 2. Uphumelele ngokusezingeni (30 – 49%) | 3. Uphumelele ngokwanele (50 – 74%) | 4. Uphumelele ngamalengisi (75 – 100%) |
|---|---|---|---|---|
| 1 **Uyababona ongwaqa nawonkamisa abathile ngokukhuluma kanye nangamehlo** | Ukwazi ukubona izinhlamvu ezisukela kolu-0-5 bese esho imisindo eyenziwa yilezi zinhlamvu | Ukwazi ukubona izinhlamvu ezisukela kolu-6-9 bese esho imisindo eyenziwa yilezi zinhlamvu | Ukwazi ukubona izinhlamvu ezisukela kolu-10-17 bese esho imisindo eyenziwa yilezi zinhlamvu | Ukwazi ukubona izinhlamvu ezisukela kolu-18 okanye kuphezulu bese esho imisindo eyenziwa yilezi zinhlamvu |
| 2 **Uqala ukuqonda ukuthi amagama akhiwa ngemisindo: uyawethula umsindo wokuqala osegameni lakhe kanye nakwamanye amagama** | Akakwazi ukusho umsindo ongasekuqaleni kwegama lakhe kanye nakwamanye amagama. | Uyakwazi ukusho umsindo ongasekuqaleni kwegama lakhe kodwa kulukhuni ukusho imisindo engasekuqaleni kwamanye amagama. | Uyakwazi ukusho umsindo ongasekuqaleni kwegama lakhe; uyakwazi futhi ukusho imisindo engasekuqaleni kwamanye amagama. | Ukwazi kahle ukusho umsindo ongasekuqaleni kwegama lakhe kanye nakwamanye amagama. |
| 3 **Uyakwazi ukwakha indaba yakhe "ngokufunda" izithombe** | Akakwazi ukusebenzisa izithombe ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani; uchaza izithombe esebenzisa ulimi olunezihibe. | Uyazisebenzisa izithombe ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani uma esizwa. | Uyazisebenzisa izithombe ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani; angahle abe nalo 'izwi lokufunda.' | Uyazisebenzisa izithombe ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani; ukhombisa ukuqonda ukuthi izithombe namagama kuhlobene, kodwa akufani, unalo 'izwi lokufunda'; uyawukhomba umbhalo uma 'ewufunda'. |


Downloaded from www.mycourses.co.za

# ★ Term 4: Phonics, reading and viewing Rubric 1 to 3

| Assessment criteria | 1. Not achieved (0 – 29%) | 2. Moderate achievement (30 – 49%) | 3. Adequate achievement (50 – 74%) | 4. Outstanding achievement (75 – 100%) |
|---|---|---|---|---|
| 1 **Recognises aurally and visually some consonants and vowels** | Is able to recognise 0 – 5 letters and say the sounds that these letters make. | Is able to recognise 6 – 9 letters and say the sounds that these letters make. | Is able to recognise 10 – 17 letters and say the sounds that these letters make. | Is able to recognise 18 or more letters and say the sounds that these letters make. |
| 2 **Begins to recognise that words are made up of sounds: gives the beginning sound of own name and other words** | Does not recognise that words are made up of sounds; unable to give the beginning sound of own name or other words. | Able to give beginning sound of own name, but struggles when asked for beginning sound of other words. | Able to give the beginning sound of own name; able to give the beginning sound of some other words. | Consistently able to give the beginning sound of own name and other words. |
| 3 **Makes up own story by reading the pictures** | Not able to use pictures to predict what the story is about; describes pictures using very limited language. | Uses pictures to predict and describe the story, but with assistance. | Uses pictures to predict what the story is about; might adopt a "reading voice". | Uses pictures to predict what the story is about; shows an understanding that pictures and words are related, but different; adopts a "reading voice"; points to text when "reading". |

Activity Guide Term 4_ZULU.indd 151

Downloaded from www.mycourses.co.za

2021/11/29 04:55

# ★ Ithemu 4: Ukubhala kahle ngesandla kokuqala Irubhrikhi 1-3

| Indlela yokuhlola | 1. Akaphumelelanga (0 – 29%) | 2. Uphumelele ngokusezingeni (30 – 49%) | 3. Uphumelele ngokwanele (50 – 74%) | 4. Uphumelele ngamalengisi (75 – 100%) |
|---|---|---|---|---|
| 1 **Uyathuthuka ngamakhono okunyakazisa izicubu ezincane kanye nokusebenzisa umzimba** | Akakwazi ukuqedela imisebenzi edinga ikhono lokunyakazisa izicubu ezincane; uyayibalekela noma akhombise ukuphatheka kabi. | Uyakwazi ukuqedela imisebenzi edinga ikhono lokunyakazisa izicubu ezincane kodwa uthatha isikhathi; imiphumela ayinembi nokho. | Uyakwazi ukuqedela eminingi imisebenzi edinga ikhono lokunyakazisa izicubu ezincane; uyakhula ngokunemba nokusebenza ngokuncomekayo. | Uyakwazi ukuqedela imisebenzi edinga ikhono lokunyakazisa izicubu ezincane ngokuzethemba, ngokunemba kanye nakalula. |
| 2 **Uyazidweba izithombe ngengqikithi yezindaba** | Imidwebo yakhe ayibonakali noma ingeyona imibhalo noma iyizindilinga ezinemigqa. | Imidwebo yakhe iyabonakala kodwa ayihlobani nendaba, neculo noma nomlolozelo. | Udweba isithombe esinemibala esihlobene nendaba; imidwebo yabalingiswa abaqavile inakho okunye kwalokhu okulandelayo: imilenze, izingalo, izandla, izinyawo, amehlo, ikhala, umlomo nezindlebe. | Udweba isithombe esinemibala esinezinto eziningi ezithintana nendaba; sinabalingiswa abaqavile abanazo zonke izinto njengezingubo zokugqoka. |
| 3 **Uyaqonda ukuthi ukubhala nokudweba kuhlukile; wenza sengathi uyabhala imidwebo engewona amagama** | Akakwazi ukwethula imibono ngokudweba noma ngokubhala. | Uyayethula imibono ngokudweba kodwa akunabufakazi bokwenza sengathi uyabhala noma uyaklwiklwiza. | Uyakuqonda ukuthi ukubhala kanye nokudweba yizinto ezingafani: wenza sengathi uyabhala imidwebo engewona amagama) | Uyakuqonda ukuthi ukubhala kanye nokudweba yizinto ezingafani kanti useqala 'ukubhala' esebenzisa ingxube yezinhlamvu azikopishile kanye nemidwebo engewona amagama); uyakwazi ukukopisha izinhlamvu nezinamba ezikhona ekilasini emizameni yakhe yokubhala. |

Downloaded from www.mycourses.co.za

# ★ Term 4: Emergent writing and handwriting Rubric 1 to 3

| Assessment criteria | 1. Not achieved (0 – 29%) | 2. Moderate achievement (30 – 49%) | 3. Adequate achievement (50 – 74%) | 4. Outstanding achievement (75 – 100%) |
|---|---|---|---|---|
| 1 **Develops small muscle skills and fine motor skills** | Struggles to complete fine motor activities; avoids tasks or becomes frustrated. | Able to complete some fine motor activities, but takes time; output is inaccurate. | Able to complete most fine motor activities; becoming more accurate and working more efficiently. | Completes fine motor activities with confidence, accuracy and ease. |
| 2 **Draws pictures capturing main idea of a story** | Drawing is not recognisable or only includes scribbles or circles with lines. | Drawing is recognisable, but not related to the story, song or rhyme. | Draws a colourful picture related to a story; drawings of main characters have some of the following: legs, arms, hands, feet, eyes, nose, mouth, ears. | Draws a colourful, detailed picture related to a story; includes main characters with details such as clothes. |
| 3 **Understands that writing and drawing are different: pretend writing represented using squiggles** | Not able to represent ideas through drawing or writing. | Represents ideas through drawing, but no evidence of pretend writing or scribbles. | Understands that writing and drawing are different: pretends to write using squiggles. | Understands that writing and drawing are different and begins to "write" using a mixture of copied letters and squiggles; may copy letters and numbers from the classroom environment in own writing attempts. |

Activity Guide Term 4_ZULU.indd 153
Downloaded from www.mycourses.co.za
2021/11/29 04:59

# ★ How to make playdough



## You will need

- ★ 1 cup flour
- ★ ¼ cup salt
- ★ ⅓ cup warm water
- ★ 5 drops food colouring

## Steps

1. Mix together the flour and salt.
2. Mix together ⅓ cup warm water and a few drops of food colouring.
3. Slowly pour the water in the flour mixture, stirring as you pour. Stir until combined, then knead with your hands until the flour is completely mixed in. If the dough is too sticky, add more flour until it doesn't stick at all.
4. Repeat these steps for whatever colour you want to make.




*Warm up the playdough by squeezing it in your hands. This is a good exercise for learners' hand muscles. Pack the playdough into plastic bags to keep it fresh and store it in the refrigerator, if possible, or in a cool place.*

# ★ How to make a little book

## Steps

1. Make photocopies of the little book you need.



2. With the pictures facing up, fold the page into eight sections. Unfold.



3. Fold the page in half, down the centre.



4. Cut on the middle fold, as indicated on the illustration alongside and by the dotted lines on the page.



5. Hold the page between your finger and your thumb on both sides of the page.



6. Bring your hands down and together.



7. Make a Little book library by storing all your books in a small box – a jelly box works well!




Downloaded from www.mycourses.co.za

